

SISEBENZELA UKUBA NOMPHAKATHI OHLANZEKILE NOPHILA KAHLE

Incwajana yolwazi yokwelekelela imizamo yomphakathi
ekunciphiseni izinga lokungcoliswa kwamanzi ezindaweni
abahlala kuzo



Sonke sihlala ezansi nomfudlana!

UmNyango WeziNdaba zaManzi namaHlathi



SIZITHOLA KANJANI IZIMBANGELA EZINKULU ZOKUNGCOLISWA KWAMANZI?

Lombhalo
uchaza

Izimbangela
ezinkulu
zokungcolisa
kokonakele

Ezenhlalo

Ukwazisa

Imfundo

Izimo
zokwenza

Ukungazi

Okubonakalayo

Imoto yokuthutha
ephukile

Amaphayiphi
ephukile

Imisele
engalingile

Ukungabikho
kwezihlinzeko

Abaphathi
Bendawo

Ukuntuleka
kwezimali

Ukungalungiswa

Ukungaxhumani
kahle

IZINHLOBO ZOKUNGCOLISA

Amanzi
Ampunga



Amanzi
Esiphepho



Inkucunkucu ehamba
ngamaphayiphi
okuchitha



Izibi




Kuvelaphi
lokhu
kungcola

UKUXAZULULWA KWENKINGA YOKUNGCOLISA

Ungayixa
zulula
kanjani
Inkinga

Kungani?



Ikhasi langaphambili likhombisa konke esikwaziyo kodwa esikhukhohlwayo ngezinye izikhathi ukuthi sonke siyachaphazeleka ngokungcola komoya. Indawo leyo evuma ukuthi imfucuza ingene emanzini yehle ngomhoshalimaza abanye abantu abakwezinye izindawo. Ukulungisa lenkinga kubiza izwe imali, nokugcina sekulimaza thina sonke.

Ngabe uyathanda ukusebenzisa amanzi angcoliswe yimfucuza yabanye abantu? Uphatheka kabi ngeminye imiphakathi ehlukeneyezwa yimfucuza yakho? Lencwajana isiza ngokukukhombisa ukuthi singathola kanjani ngezimbangela ezinkulu zokungcoliswa komoya emiphakathini yakithi nokuthi sonke singasiza kanjani ekugcineni amanzi nokwenza amanzi abe yingcebo enakekelwayo empilweni - ukuthi ahlanzeke abe nempilo kithina sonke nasezizukulwaneni ezizayo.

Lenkinga singayilungisa kuphela ngokusebenzisana

Inhloso yalencwajana

Lelibhukwana lihlelwe ngumNyango Wezinolabo zaManzi namaHlathi ukuze imiphakathi ikwazi ukubona ukuthi:

- Yini ukungcolisa amanzi.
- Izinkinga okungazibanga.
- Konje, singasebenza kanjani ndawonye ukubona izimbangela zokungcoliswa kwamanzi emiphakathini yethu
- Nokuthi sonke singasebenza kanjani ukuze siqede lokhu kungcolisa.

ISINGENISO

Sonke siyawadinga amanzi ukuze siphile. Siwadingela ukuwaphuza, ukupheka, ukuwasha kanye nokuhambisa indle. Siwadingela ukunisela izitshalo kanye nokulondoloza imfuyo yethu. Amanzi ayadingeka ezimayini, ezimbonini nasekulimeni, ukuze okulinywayo kumile bese kudaleka amathuba amaningi emisebenzi.

Kepha asidingi nje amanzi, sidinga amanzi ahlanzekile. Amanzi angcolile noma angahlanzekile alimaza indawo esihlala kuyo futhi ayasigulisa, avimbela abantwana ukuthi bakhule kahle kanti futhi athelela ubuthi izitshalo nemfuyo. Amanzi angcolile kungadingeka ahlanzwe ngaphambi kokuthi asetshenziswe.

Njengoba iNingizimu Afrika iyilizwe elinamanzi anomkhawulo, futhi amanzi angcolile kubiza kakhulu ukuwahlanza, sonke kumele siqikelele ekuwasebenziseni.

Umthetho-sisekelo wethu uthi sinelungelo lokuphila endaweni enempilo bese futhi sigcina izindawo okudabuka kuzo amanzi zihlanzekile - imifula yethu, amadamu kanye nemithombo - lokhu yindlela ebaluleke kakhulu ukuthi siqinisekise ukuthi lokhu kuyenzeka.

Uhulumeni kanye nemikhandlu yasemakhaya banesibopho sokuqinisekisa ukuthi siyakwazi ukuwathola amanzi, kepha sonke sibophezelekile ukuqinisekisa ukuthi siyasiza ekugcineni amanzi ehlanzekile.

Noma kunjalo, ezingxenyeni zezwe kunokwanda kokungcola kanye nokulinyazwa kwezindawo okudabuka kuzo amanzi. Iningi lokungcola libangwa imfucuza esiyilahla mihlakwasa bese ingena emanzini ethu. Ezindaweni lapho imisebenzi yokuthutha ukungcola kanye nokuthuthwa kukadoti kungenzeki okanye kungenziwa ngendlela eyiyo, izibi zithola indlela yazo zingene emifuleni esakhelene nayo nasemifudlaneni egcina isingcolile.

Imifula enenani elincane lokungcola iyakwazi ukuzihlanza yona. Noma kunjalo, uma kunemfucuza eningi, umfula ngeke ukwazi ukuzihlanza ngokwemvelo, bese-ke amanzi ehlala engcolile. Lokhu kusho ukuthi omunye umphakathi ohlala duze nalowo mfula nawo uzothola amanzi angcolile, kanjalo omunye nomunye, kuqhubeke njalo, kwehle nomfula.

Uma lokhu kwenzeka, abantu abahlala kuzo zonke izindawo baba nezinkinga zezempilo, kuze kuvele ngisho ukufa. Lokhu ikakhulu kuphatha kabi izingane nasebekhulile. Izifo esivame ukuba nazo, ngezifana nezinkinga zezisu, uhudo, ikholera, isifo sokuhuda igazi kanye nesifo sesikhumba nesamehlo zibangwa ukungcola kwamanzi kanye nokungabi khona kwezinto ezithutha indle ezikahle.

Ngexa yethu sonke, impilo yemiphakathi yethu kanye nenhlalo yethu, amanzi aseNingizimu Afrika kumele avikeleke.



IZIMBANGELA ZOKUNGCOLISA

Ukungcoliswa kwamanzi ezindaweni ezinabantu abaningi kungadalwa yizinto eziningi. Ukuze imiphakathi ixazulule lenkinga yokungcoliswa kwamanzi ezindaweni abahlala kuzo, sidinga ukuthola ukuthi yini ebanga lezizinkinga. Izimbangela zalezizinkinga kungaba senhlalweni (indlela abaziphatha ngayo), noma kube yilokho esokubonayo, noma kube yilokho okwenziwa yiziphathimandla zendawo. Ukungcoliswa okukhulu kubangwa yilezi zinkinga ezintathu ngokuhlanganyela. Kanti izinkinga ezinkulu zokungcoliswa zixazululeka kahle uma umphakathi kanye nabaphathi bendawo bevumelana kahle ngalezo zimbangela.

Izinkinga Ezibonakalayo

Lezi yizinto esivame ukuzibona, ezifana nokuthi ingabibikho imigqomo noma izindlu zangasese, noma uma zingasebenzi kahle, okanye uma izinto ezithutha ukungcola emiphakathini yethu zephukile. Isibonelo salezi zinto kungaba amaphayiphi amakhulu asemiseleni, amaphayiphi ahambisa indle, noma amaloli athutha udoti. Izinkinga ezibonakalayo zivame ukuhlanganiswa nezinkinga zenhlalo kanye nezinkinga zabaphathi bezindawo isibonelo nje, lapho umasipala engalungisi amaloli aphukile okanye lapho izinhlelo zokuhambisa amanzi zicekelwa phansi ngabathize.



Izinkinga ezibangwa ngabaphathi bendawo

Lezi yizinkinga ezibangwa yiziphathimandla zendawo. Abaphathi bendawo banesibopho sokunikeza imiphakathi amanzi kanye nokwenza amasu okuthutha ukungcola. Kepha imvamisa bayehluleka ukwenza leyo misebenzi, okanye ukuhlala begcine leyo misebenzi ngendlela afanele. Uma-ke umasipala engenayo imali eyanele ukuthutha ukungcola njengoba kufanele kuhlale kunjalo, noma asinikeze amaplastic amnyama ukuthi sifake kuwo udoti, okanye uma engenabo abasebenzi abazokwenza lowo msebenzi, noma uma engazi ukuthi yikuphi esikudingayo, ngalokho kunezinkinga ngabaphathi bendawo.



Izinkinga Zenhlalo

Izinkinga zenhlalo yizo esizithola ngenxa yokuziphatha kwethu. Amanzi kanye nezinto zasendlini yangasese zingase zisetshenziwe kabi ngenxa nje yokuntula ukwazi kanye nokufundiswa. Abantu abaningi abasebenzisa izinto ngendlela engafanele kungabanga izinkinga empilweni, bese kuphazamisa isikhathi eside sokuphila kwethu, kanti abanye bacabanga ukuthi ngumsebenzi kahulumeni ukugcina izindawo zethu zihlanzekile. Ukuswela imisebenzi kanye nobumpofu kungasho ukulondoloza izindawo okudabuka kuzo amanzi ukuthi akubalulekile kithina kunokuba siphile usuku ngosuku.



Ibhokisi 1. Yini ukungcoliswa kwamanzi okubangwa izindawo okwakhiwe kuzo?

Ukungcoliswa kwamanzi kwenzeka lapho okulahliweyo okuyingxenye yethu yempilo kungena kuwo. Lokhu kungenza amanzi :

- angafaneleki enhlosweni esivame ukuwasebenzisela yona
- abe yingozi noma kube nobungozi enhlalweni yethu, empilweni noma ekuphepheni.
- abe yingozi noma kube nobungozi empilweni yezilwaneni neyezitshalo eziphila ngawo amanzi lawo.

IZINHLOBO ZOKUNGCOLISA

Kunezinhlalo ezine zokungcola ezindaweni okuhlalwa kuzo - izibi, amanzi ampunga, amanzi esiphepho kanye nenkucunkucu ehamba ngamaphayiphi okuchitha. Noma yikuphi kwalokhu kudala ukungcola kwamanzi, kepha uma kuhlenganisiwe (njengoba kuvame ukwenzeka ezindaweni okuhlalwa kuzo) kuyingozi enkulu emithonjeni yamanzi kanye nasempilweni yemiphakathi nasenhlalweni yayo.

Izibi: Lokhu ukungcola okufana nemfukumfuku nokudla okudala okulahlwe ezitaladini, noma udoti wasemzini olahlwe ezitaladini noma emfuleni. Izibi ziheha izimpukane ezibe seziletha izifo, bese izibi zivimbela amanzi angakwazi ukuzihlanza wona.




Inkucunkucu ehamba ngamaphayiphi okuchitha: Lokhu kuvela ezindlini zangasese ezivuzayo noma emgodini webhoshi, emaphayiphini aphukile noma emaphayiphini achitha indle avalekile. Nakho lokhu kunembewu yokufa engenza ukuthi sigule, futhi kungaba nemikhando engabiza kakhulu uma kuhlanzwa amanzi.

Amanzi ampunga: Lokhu kuvela emanzini angcolile okuwashwa ngawo nalahlwa emfuleni noma esitaladini, bese-ke egeleza angene emfudlaneni oseduze uma kuna izulu. Amanzi angcolile okuwasha athwele imbewu yokufa, okanye izinto ezincane eziphilayo ezingenza ukuthi sigule, kanye nemikhando eyenza kubize ukuhlanza amanzi esiwaphuzayo.



Amanzi esiphepho: Amanzi esiphepho amanzi emvula agugula umhlabathi, imfukumfuku kanye nemfucuzela elahlwe emanzini nasemifudlaneni. Sivame ukuyibona lenkinga ezindaweni zasemakhaya lapho imigodi yamabhoshi iba mifashane bese iyachichima ngesikhathi sezimvula ezinkulu.

Izinto ezincane eziphilayo, ezifana namagciwane emaphayiphini ahambisa indle, kanye nemikhando emanzini okuwasha, kungatholakala kunoma yiluphi kulezi zinhlobo zokungcolisa. Nakuba singaziboni lezinto, zona zingenza abantu nezilwane bagule kakhulu, kuthethele ushevu ezitshalweni esizitshalayo ngisho nasemhlabathini esilima kuwo.



A PROBLEM TREE

UKUXAZULULA INKINGA YOKUNGCOLISA

Ukuxazulula inkinga yokungcolisa kumele sibheke izimbangela endaweni yethu esihlala kuyo, bese sibuzwa ukuthi KUNGANI? Isibonelo, uma amaplastiki amnyama engathuthwa, buza ukuthi "Kungani umasipala engayithuthi imfucumfucu? Uma imigodi yamabhoshi ivuza, buza ukuthi Kungani lezizinto zingalungiswa? Uma abantu bechitha amanzi angcolile okuwasha emfuleni, buza ukuthi Kungani beziphatha kanje?"

Siyavama ukubuza ukuthi KUNGANI? ezikhathini eziningi ukuze siqede inkinga. Isibonelo, uma izingane ziphethwe yisifo sohudo, siyaye sithi KUNGANI? Yingoba amanzi angcolile, pho KUNGANI? Yingoba imfukumfuku ehamba ngamaphayiphi ingena kuwo, pho KUNGANI? Yingoba izindlu zangasese zivalekile, pho KUNGANI? Yingoba abantu balahlela udoti kuwo.

Ngalendlela singaqala ukuthola izimbangela zenkinga yokungcolisa bese-ke siqala ukuzixazulula.

Nakhu okunye esingakwenza ngamunye ngamunye nangokuhlanganyela - kanti izinkinga ezihlupha umphakathi zixazululwa

kalula ngokuhlanganyela. Nakhu okuwumzekelo, ubizwa ngeNkinga yeSihlahla, okungenziwa ngamaviyo abantu ukusiza ukukhomba kanye nokuxazulula izinkinga zokungcolisa amanzi. Inkinga yesihlahla isikhombisa ukuthi yiziphi izinkinga, nokuthi zingahlanganiswa kanjani nezinye, futhi isisiza ukuthi sinqume ukuthi singazisebenza kanjani.

Kulesi simo amaqabunga enkinga yesihlahla akhombisa izinkinga esinazo uma kungcoliswe amanzi. Ngesiqu senkinga yesihlahla singabona izinhlobo ezahlukenene zokungcolisa zinyuka ziya phezulu. Lokhu ukungcolisa ezindaweni esihlala kuzo ezibangwa izibi; amanzi ampunga, imfukumfuku ehamba ngamaphayiphi achithayo kanye namanzi esiphepho. Ngaphansi komhlaba singabona zonke izinto ezibanga ukungcolisa.

Ungasho ukuthi yiziphi izimbangela eziyinhlobo, yiziphi eziyizibi nokuthi yiziphi ezingenxa yabaphathi bezindawo? Ungasho ukuthi yiziphi ezihlanganayo? Yimiphi imibono onayo yokulungisa izinkinga?

Ukuqeda izinkinga esizibona emaqabungeni, kumele siqede izinkinga ezisezimpendeni.



Siyilungisa kanjani inkinga

Enye yezingane ezinhlanu zikaNkosikazi Thoko Molefe yacishe yafa ngenkathi ineminyaka emibili ubudala. Zonke izingane kuleyo ndawo zazithanda ukudlala emanzini eduze nendawo okuwashelwa kuyo. Njalo babegula bephathwa izisu kanye nesifo sohudo.



Ngesikhathi ingane ibanjwa ukugula uNkosikazi Molefe wabuza udokotela emtholampilo ukuthi KUNGANI? Udokotela wamtshela ukuthi inkinga kwabe kungamanzi angcolile, ngakho kumele izingane zakhe angazivumeli ziye emanzini okuwasha angcolile.

Wazama-ke ukuthi enze ukuthi izingane zakhe zingayi emanzini angcolile kepha wayengakwazi ukuhlala enza lokho. Ngakho-ke enye ingane yafa wathi udokotela kwabe kuyisizathu esifanayo belu.

UNkosikazi Molefe wabe eseyibona impendulo enkingeni ukuthi kwakufanele ayeke ukuchitha amanzi angcolile esitaladini, hhayi nje ukuyekisa izingane ukuthi ziyodlala emanzini. Ukwenza lokhu, kumele abuze ukuthi KUNGANI abantu bechitha amanzi angcolile emgwaqeni? Uma esebheka wabona ukuthi kwakungekho ndawo lapho kungafakwa khona lawo manzi.



W a x o x a
n g a l o k h u
nomakhelwane
bakhe base
benquma ukuthi
bazokhuluma
nabaphathi
b e n d a w o
ngalenkinga,
ukuze banikwe
i z i n d a w o
okungachithwa
kuzo amanzi
angcolile, bonke
bavumelana
u k u t h i
ngokuzayo bayoqikeleka ukusebenzisa lezo
zindawo.



Izingane zikaNkosikazi Molefe ezinhlanu zikhula kahle kanti manje ziyaphila kanti yena ujabule kakhulu ukuthi wayithola imbangela yenkinga ngokuthi nje abuze ukuthi KUNGANI? wakwazi ukuyixazulula.

L e n k i n g a
wabangelwa enye
yalezizinhlobo
ezine zikadoti
eziletha izinkinga
zokungcolisa -
amanzi ampunga
- kodwa uma
noma yiluphi
uhlobo lukadoti -
izibi, amanzi
ampunga noma
amanzi esiphepho
- abegelezela emfuleni lokho bekungenza
ukuthi izingane zigule.



UKUTHOLA IZIXAZULULO

Ungacabanga uthi: "Yimi kuphela, ngenzenjani?" Phela yonke inqubo iqala ngomuntu oyedwa (njengonkosikazi Molefe) ocabange ukuthi kumele kwenziwe okuthize.

Nazi ezinye izinto esingazenza:

- Xoxani nomakhelwane benu ngezinkinga ezibangwa ukungcolisa nokuthi izimbangela zingatholwa kanjani.
- Khuluma nomNyango weziNdaba zaManzi nezamaHlathi kanye nomkhandlu kamasipala ukuthi bona bangenzani ukunisiza.
- Masazi kabanzi ngokungcoliswa, bese siba yizibonelo kwabanye. Kumele sinakekele ngokuthi izibi sizilahla kuphi, siqinisekise ukuthi imfucuza ifakwa kumaplastiki amnyama, nokuthi sichithe amanzi angcolile okuwasha siwachithele otshanini ebaleni noma engadini (kepha hhayi engadini yezitshalo engase nayo ithola ukungcoliswa), okanye ezindaweni ezihlelelwe ukulahla kuzo. Kumele sikhulume nomakhelwane uma sinezinkinga mayelana nodoti olahwayo, ukuze sibone ukuthi abanye banamiphi imibono.
- Zama ukuthola impande yezinkinga zokungcolisa, ngokubuza umbuzo "Kungani?" ngasosonke isikhathi uma sibona udoti osakazeke lapho sikhona, ukuvuza kompomp, amaphayiphi ephukile njalo-njalo.
- Asibheke kahle indawo yethu esihlala kuyo, sicabange ngezinguquko (ezinye zazo kungaba ngezilula) ezingasiza ukulungisa indaba yokungcolisa. Ngezinye izikhathi izinguquko ezinkulu sezenziwe ngoba nje othize ebona izinto ngendlela ehlukile kwabanye. Umbono walowo nalowo ubalulekile.
- Buza ihhovisi lesifunda labomNyango weziNdaba zaManzi namaHlathi ukuze bakusize bakhombe izindlela ezishibhile zokulungisa lezizinkinga.
- Cabanga ukuthi yini engcono edingekayo ekusebenzisaneni nabaphathi bomnyango weziNdaba zaManzi namaHlathi kanye nomkhandlu kamasipala, bese ukucela lokho. Mhlawumbe nje lokho ngamagama abantu abazothathela umphakathi wethu phezulu, okanye inombolo yokuthola usizo.
- Khokhela imisebenzi leyo oyenzelwayo ikakhulu izinsizakalo. Kopha kumelo ukuthi leyo misebenzi yasekhaya nozinsizakalo ziqhutshwe ngokufanole ukuze nawe uyikhokhele.
- Khumbulani ukuthi ukulungisa izinto zokugwema ukungcolisa kubiza imali, leyo mali engasetshenziselwa ezinye izinto njengokwakha izindlu.



NGUBANI OHLOMULA NGOKUQEDWA KOKUNGCOLISA

Wonke umuntu uyahlomula uma kuqedwa ukungcolisa ezindaweni esihlala kuzo ngaphambi kokuthi ukungcola kuze kufike emithonjeni yamanzi. Esifanele ukukukhumbula njalo ukuthi sonke sihlala ngezansi kwemifudlana.

Imiphakathi ihlomula kanjani

Umlhomulo omkhulu impilo eyenziwe ngcono, ikakhulukazi yabantwana nabantu asebekhulile. Siphephe kakhulu lapho sihlala khona uma sazi ukuthi sinamanzi ahlanzekile isikhathi eside.

Imikhandlu kamasipala ihlomula kanjani

Umphakathi owazi ngokungcoliswa kusiza umkhandlu ngokuwutshela ukuthi yiziphi izidingo zawo, nokuwazisa uma kunezinkinga. Ngalendlela imali ayisaphazeki. Kanti nomkhandlu wendawo nawo uyahlomula lapho kunokungcoliswa okuncane okungena emanzini, ngoba bachitha imali encane uma behlanza izikhungo zikamasipala ezigcina amanzi.

Lemali ingasetshenziswa ukwenza ngcono imisebenzi yezinsizakalo emiphakathini.

AbomNyango weziNdaba zaManzi namaHlathi bahlomula kanjani

Umnyango weziNdaba zaManzi nezamaHlathi banesibopho sokuvikela izindawo okudabuka kuzo amanzi, uma silungisa inkinga emiphakathini yethu, senza kube lula emNyangweni wezaManzi namaHlathi ukuqinisekisa ukuthi kunamanzi kuwonkewonke, zikhathi zonke. umNyango wezeMpilo nawo uyohlomula, njengoba bayoba bancane abantu abagula ngenxa yamanzi angcolile, bayoba nemali eningi yokwenza ngcono imisebenzi yezempilo kithina sonke.



ISIPHETHO

Abantu abaningi bacabanga ukuthi uhulumeni nguye onesibopho sokulungisa indaba yokungcolisa, hhayi bona. Kodwa-ke, inani labantu bezwe lethu likhula ngamandla, kanti imali okuxhaswa ngayo uhulumeni wasekhaya incane kakhulu kanti kumele yenze indathane yemisebenzi. Ngalokho, imikhandlu iyohlangabezana nezinkinga ukwenzeni imisebenzi ngempumelelo kubo bonke labo abayidingayo.

Kanti futhi, uma singachithi imali ngokuhlanza imfukumfuku noma ukungcola, singasebenzisa imali kwezinye izinto, njengezindlu ezingcono.

Imikhandlu yasekhaya kudinga iqonde yazi futhi ngezidingo zaleyo naleyo ndawo, njengokuthi zingaki izikhwama zamaplastiki ezimnyama ezikhishwayo nokuthi udoti uthuthwa nini.

Ukusebenza ndawonye ukuze izindawo zokuhlala zihlanzeke futhi ziphile

Ukusebenza ngokuhlanganyela kuphela, ukukhulumisana nabanye, okungenza kube nezixazululo ezizosebenza zibonakale futhi kube ezesikhathi eside, nezizokwenza ngcono izindawo zethu zokuhlala. Ukuthola ukuxhaswa yimikhandlu yasekhaya kanye nohulumeni omkhulu, (umNyango weziNdaba zaManzi nezamaHlathi), emizamweni yethu yokugcina izindawo zethu zihlanzekile, yiyona ndlela enhle yokwenza umehluko obonakalayo. Uma singasebenzi ndawonye, ukungcoliswa kwamanzi kuyoba kubi kakhulu, inani labantu eliphezulu liyohlukumezeka. Inani labantu baseNingizimu Afrika likhula mihla kwasa, isidingo sokunikezela imisebenzi kubobonke

labantu sesisikhulu kakhulu ukuthi uhulumeni akwazi ukusimela yedwa.

UmNyango weziNdaba zaManzi namaHlathi udinga ukwelekelelwa ngosizo oluvela kuwonkewonke uma ikusasa lethu lizoba ngelikhulayo kanye nentuthuko uma abantu bethu kuzomele bahlale bephilile. Kulula nje ukuthatha amanzi kalula, kepha izwe lethu yilizwe elinamanzi amancane, lawo manzi akhona adinga ukuvikelwa.

Manje sesiyazi ukuthi kunezinhlobo ezine zokungcolisa. Singazikhomba ezona zimbangeka zohlobo ngalunye uma nje sibuzwa - Kungani? Kungani? Kungani? Singasiza ngokuqeda ukungcoliswa ngokuthi sixazulule inkinga.

Njengoba amanzi eyisidingo esinqala kangaka, siba nezindawo zokuhlala eziseduze nemithombo yamanzi. Lokhu kusho ukuthi umfula wethu akuwona owethu - sishiyelana lawo manzi nabaningi abahlala ezansi nomfudlana wethu. Uma singcolisa amanzi, singcolisela nabanye abantu, njengoba sihlukumezeka ngokungcoliswa okwenzeka ngenhla komfudlana wethu.

Ukuze kube nekusasa lethu sonke, nempilo yemiphakathi yethu kanye nenhlalo yethu, amanzi aseNingizimu Afrika kumele

